

# IYINI

# IMIGOMO NEMIBANDELA EBEKIWE YE DUS?

**I**gama elithi *DUS* lichaza ukuthi **distinct, uniform and stable**. Ukuze inhlobonhlobo yembewu ifakwe ohlwini oluthi Uhlu Lwezinhlobonhlobo Likazwe Lonke kumelwe ihlangabezane nemigomo nemandela ebekiwe ye-DUS (noma izimiso).

- ❶ **Distinct** kusho ukuthi uhlobo okumelwe *luhluke* kwezinye izinhlobo.
- ❷ **Uniform** kusho ukuthi uhlobo okumelwe lukhiqize izitshalo ezibukeka *ngendlela efanayo* – zifane ngokuphakama nangombala – inkathi ngemva kwenkathi.
- ❸ **Stable** kusho ukuthi inhlobo engeke *ishintshe* lapho itshalwa ngemva kwenkathi ngayinye.

Nokho, abalimi abasafufusa batshala imbewu *esingeké* sithi ihlukile, ayishintshi noma izinzile. Badinga izinhlobonhlobo ezihluke ngokwanele ukuze zivumelane nezimo zendawo nezimakethe zendawo. Ngakho, izinhlobonhlobo abazikhiqizayo *azikwazi* ukuhlangabezana nemigomo nombandela obekiwe we-DUS.

## UMTHELELA KWIMIGOMO NEMIBANDELA EBEKIWE YE-DUS KUBALIMI ABASAFUFUSA

Imigomo nemandela ebekiwe ye-DUS uzokwakha izinhlobonhlobo zembewu ezivumelana ne-monoculture (ukutshala kwesitshalo esisodwa endaweni ethile) futhi kudinga amakhemikhali abizayo. Lokhu akulisizi iningi labalimi base-Afrika, abasafufusa, abadinga ukutshala izitshalo ezihlukahlukene futhi abakwazi ukuthenga umanyolo obizayo.

Imigomo nemibandela ebekiwe ye-DUS ihlose ukuletha izinhlelo zokulima okusezingeni lezimboni ezinkulu okunezimbewu zohlobo oluthile, futhi ngamanani athile azokwenza buthaka izinhlobonhlobo ezithuthukiswe iminyaka eminingi abalimi abasafufusa.

**Kulinganiselwa ukuthi okungenani u-75% wezinhlobonhlobo zezitshalo uzolahleka ngenxa yokuthi abalimi emhlabeni wonke bashiye izinhlobonhlobo zabo zendawo ukuze kube nezinhlobonhlobo ezifanayo (okungukuthi DUS).**

### Nqaphambi kwe-DUS...



### Nqemva kwe-DUS...

